**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KWAMANQAMU – NOVEMBA/DISEMBA 2018**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LESISHIYAGALOMBILI ( GRADE 8)**

**IPHEPHA LOKUQALA ( PAPER 1)**

**MOTHER TONGUE SPEAKERS ONLY**

**AMAMAKI: 80** **ISIKHATHI : 2 AMAHORA**

## IMIYALELO KOHLOLWAYO:

- Funda lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule.
- Phendula yonke imibuzo.
- Landela imiyalelo njengoba uyinikiwe embuzweni ngamunye.
- Phendula ngesiZulu esihle nopelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

## ISIQEPHU A: UKUFUNDA NOKUQONDISISA

1.1.Fundisisa isiqephu esingezansi bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

## IMPUMELELO IYAJULUKELWA

UNhlosenhle Mbatha yitshitshana elihle elinesizotha.Uzalwa uMbatha noMaNgubane.Kubo kusesigodini saseDondotha, kwesakwaMthethwa edolobheni laseMpangeni.UNhlosenhle uyena owokuqala kwabo, uMafungwase.Ulanywa umfana uBongokuhle kugcine intombazana futhi enguthunjana, uZime.UNhlosenhle uneminyaka eyishumi nantathu (13).Izingane zakwaMbatha zonke zifunda ePinocchio Primary school.

Umndeni wakubo kaNhlosenhle ume kahle ngokwezimali.UMbatha noMaNgubane bakhulise izingane zabo ngokugcizelela izinto ezimbili empilweni, okuyinhlonipho kanye nokusebenza ngokuzikhandla kukho konke ezikwenzayo.Yile mfundiso eyenza uNhlosenhle asebenze kanzima aphume phambili ngaso sonke isikhathi.

UNhlosenhle waziwa yiwo wonke umuntu esikoleni ngokuphasa kahle kwakhe.Ngaphezu kokuphasa uyingxenye yezinto eziningi esikoleni.Kwezemidlalo udlalela iqembu lokuqala lebhola lomnqakiswano (inethibholi), ibhola lezinyawo(isokha) kanye nebhola eliqhwaywa ngenduku( ihokhi).Kwezosikompilo (cultural activities) khona uhamba phambili enkulumweni-mpikiswano(debate) nasemculweni wokholo.Akagcini lapho kwezokusebenzela umphakathi(service activities)nakhona

uyingxenye yeqembu lezokupheka abuye ahole iqembu elitshala imifino( garden club).

Kuyamangalisa nokho ukuthi kuzo zonke lezi zinto azenzayo uphuma phambili.Uyisibonelo esihle sokuthi izinto ziyasetshenzelwa empilweni.Abazali babo babafundisa besebancane ukuthi wonke umuntu kudinga asebenze kanzima.Babafundisa ukuthi ibona (abazali) abanemali kodwa njengezingane abanalutho ngakho-ke bayozakhela umcebo wabo.

Okuhlaba umxhwele( impressive) nokho ngalo mndeni ukuthi izingane zakhona zaqala ukufunda ezikoleni ezixube izinhlanga

zineminyaka emibili kuphela, zisafunda ukukhuluma.Abazali bazifundisa ubumqoka bokuziqhenya nokho ngobuwena nolimi lwakho lwebele.IsiNgisi oNhlosenhle basigcina esikoleni ekhaya bakhuluma isiZulu phaqa.BangoShandu kaNdaba okwenza nothisha babo besiZulu baziqhenye ngabo.

UNhlosenhle wenze ezibukwayo ngosuku lokunikwa kwemiklomelo

yokuphela konyaka.Udle umhlanganiso ngokuthola amaphesenti ayi-98 esiZulwini, ayi- 90 esiNgisini , neminye eminingi yezemidlalo nokunye.Abazali bakhe baphume bethwele benyinyitheka izindondo.Le mpumelelo kaNhlosenhle imzuzise lukhulu njengoba ethole umfundaze(bursary) wokuyofunda esikoleni sendlovukazi yezingxoxo yaseMelika, i-Oprah Winfrey School for Girls esiseGoli.

UNhlosenhle ubonge abazali bakhe ngokumfundisa ukuzihlonipha, athande ibala lakhe abuye aziqhenye nangolimi lwakhe.Uthe lezi zimfundiso zibe umgogodla wempumelelo yakhe.Kwaduma ihlombe

Basho ukuthi bayeza noma abezi emcimbini? (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 40**

**ISIQEPHU B : UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

2. Funda lesi siqephu esilandelayo bese ugcwalisa imisho ngebizo Eliyigaba osinikeziwe.**QINISEKA UKUTHI IBIZO OLIKHETHILE LESIGABA LENZA UMUSHO UBE NOMQONDO.**Bhala **sonke** Isiqephu bese **udwebela** ibizo olifakile.

2.1 ……(isigaba 2) abebekade bebuya emcimbini we-Matric dance bavelelwe yingozi enkulu.Akwaziwa noma 2.2. ……(isigaba 1) ufikelwe ubuthongo yini imoto yamphunyuka.Abebebhekile bathe 2.3…..(isigaba 9) ibihamba ngesivinini esiphezulu kabi yaphuma yashayisa 2.4…..(isigaba 7) sikagesi.Ihlulekile nokuma yashishiliza 2.5………(isigaba 5) elide. 2.6……(isigaba 11) olwaludalwe yizimvula zasehlobo yilona oluyibambile ngoba ize yakhalakathela phakathi. **(6)**

3.Buka isithombe bese usebenzisa lezi ziqu zesiphawulo ukuze wakhe imisho ehambelana nesithombe.

-dala, -ncane, -de, -khulu, -bili.

Isibonelo : -fushane

Ingane **emfushane** ihamba eceleni kukamama wayo.




22

**(10)**

4.Qedela imisho elandelayo ngezivumelwano/ izakhi ezifanele.

Bhala **umusho wonke** bese **udwebela** isivumelwano/ isakhi.

4.1. Izingane ....dlala ibhola enkundleni yemidlalo. (1)

4.2. Mina ngiya...thanda umama wami. (1)

4.3 Ijezi li...gogo alithenge izolo limhlophe. (1)

4.4.Izikole eziningi ziya ...sikoleni ekuseni. (1)

**(4)**

5.Funda isiqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Izingane zamanje azisakwejwayele ukudlala phandle.Ngaso sonke isikhathi zidlala endlini. Umakhalekhukhwini into ehamba phambili. Amathelevishini azisawabuki nhlobo ngisho opopayi azisabazi.Udumo olukhulu lomakhalekhukhwini izinkundla zokuxhumana (social networks), ofacebook, Instagram, whatsup nezinye eziningi.Kazi kuyothi kuphi kube kukuphi!

5.1.Tomula ibizonto kulo musho bese ulisebenzisa emshweni wakho ozakhele wona.

Udumo lomakhalekhukhwini izinkundla zokuxhumana. (2)

5.2. Bheka igama eliyibizombaxa/ibizongxube esiqeshini esingenhla ulibhale phansi. (1)

5.3. Guqula umusho ongezansi ube senkathini ezayo.

Ngaso sonke isikhathi zidlala endlini. (2)

5.4. Guqula igama elibhalwe ngokugqamile emshweni libe isinciphiso

**Izingane** zamanje azisakwejwayele ukudlala phandle. (2)

**(7)**

6.Bhala igama **elilodwa** elisho ubuhlobo esikhundleni sencazelo ebhalwe ngokugqamile.

**isibonelo: Ubaba kamama** uneminyaka eyikhulu.

**Umkhulu** uneminyaka eyikhulu.

6.1. **Ingane kamalume** wami ufunda eMelika. (1)

6.2. Ugogo ubephathele **izingane zabantabakhe** amaswidi. (1)

6.3. **Udadewabo kababa** usithengela izingubo ezinhle. (1)

(3)

7.Sebenzisa la magama emshweni **emibili** lilinye ukuze kuvele izincazelo zazo ezingefani.

7.1. inyanga (2)

7.2. ilanga (2)

**(4)**

8.Bhala igama eliphikisanayo nalelo elibhalwe ngokugqamile. Bhala **igama kuphela.**

isibonelo: **Umfana** uphase ngamalengiso.

Intombazana

8.1. **Isalukazi** siya emholweni. (1)

8.2.Umalume usihlabele **isikhukhukazi** esikhuluphele. (1)

8.3.**Izinsizwa** zangakithi zonke ziyasebenza. (1)

**(3)**

9.Abakwabani abathakazelwa kuthiwe:

Khetha kulezi zibongo: Mkhize, Dlamini, Ndlovu, Msholozi

9.1.Mzizi (1)

9.2.Gatsheni (1)

9.3. Khabazela (1)

**(3)**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**